

# Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)


English / isiZulu

April 2020 Edition 2



**Your labour rights**

Page 12



**Support for school learners during lockdown**

Page 11

## Stay at home, save South Africa!



■ In the coming days and weeks, 10 000 Community Health Care Workers will be deployed across the country to conduct door-to-door screening in our most vulnerable communities

### More Matshediso

**T**he novel coronavirus (COVID-19) outbreak has claimed thousands of lives and turned the world upside down.

South Africa has not been spared, with its infection rate growing.

Government initially imposed restrictions to enforce social distancing but as the infections spread, a national lockdown was announced by President Cyril Ramaphosa and came into effect on 26 March.

He highlighted that never before in the history of South Africa's democracy has the country been confronted with such a severe situation.

The President said the nationwide lockdown was a necessary move to contain the spread of COVID-19 and 'flatten the curve' in South Africa.

• Cont page 2



To read Vuk'uzenzele download the GOVAPP on:



Search for SA Government on Google playstore or appstore

### CONTACT US

 Vuk'uzenzele  @VukuzenzeleNews

Website: [www.gcis.gov.za](http://www.gcis.gov.za)  
[www.vukuzenzele.gov.za](http://www.vukuzenzele.gov.za)

Email: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)  
Tel: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:  
1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 0083

**FREE COPY NOT FOR SALE**



"MANJE SESIFIKILE ISIKHATHI SOKUTHI SONKE  
SISEBENZISANE, NGENHLOSO YOKUHLONIPHA  
U-NELSON MANDELA, SAKHE ININGIZIMU AFRIKA ENTSHA  
FUTHI ENGCONO KUMUNTU WONKE WAKULELI."

UMONGAMELI CYRIL RAMAPHOSA

#SendMe

SIKWAKHELA INGOMUSO ELINGCONO  
SIHAMBAMBA EZINYATHELWENI ZIKAMADIBA



# Ngokubambisana Singayinqoba i-COVID-19

**E**vikini lokuqala lokuvalwa kwezwe ngenhloso yokulwa nobhubhane lwegciwane lwe-corona oseludale umonakalo emhlabeni, sizithokozele izindaba ezinhle ezisilethele injabulo nethemba kulesi sikhathi esinzima nesindathabuzekayo.

Abantu baseNingizimu Afrika abayi-114 abalandwa e-Wuhan e-China emavikini ambalwa adlule sebesiqedile isikhathi sabo ekuvalelweni ngenhloso yokunqanda ukuthelelana ngegciwane le-corona futhi sebhlanganisiwe nemindeni yabo. Emva kokuhlolwa bonke batholakale bengenalo igciwane le-corona futhi baphile kahle ngokwempilo nangokomoya.

Sekube izinyanga, belokhu bevalelwe, okokuqala bevalelwe e-Wuhan izinsuku ezingama-51 nase-Polokwane izinsuku eziyi-14. Babengakwazi ukuba nabathandiweyo babo, bengakwazi ukuhamba lapho behlala khona futhi benganasiqiniseko sokuthi lolu sizo lwabo luzophela nini. Uma sengeza lezi zinsuku ezisele eziyi-17 zokuvalelwa kweNingizimu Afrika kubona kuzoba yizinsuku ezingama-82 bevalelwe.

Kube yintokozo ukuchitha isikhathi naleli qembu elahlukahlukene labantu baseNingizimu Afrika elihlanganise yonke iminyaka yobudala, izilimi kanye nemvelaphi. Ngamangazwa kakhulu ukubekezela nesibindi kanye nempokophelo yabo yokuzigcina benempilo. Bebhuphuma kumnyombo wegciwane le-corona e-Wuhan e-China futhi sebone nomonakalo osudalwe ubungozi balelgiwane ezimpilweni zabantu. Akumangazi ukubezwa bethi



bazimisele ukuphephisa impilo yalabo abaseduze nabo. Manje isineke sabo nesibindi sabo sekuthole umvuzo, ngoba sebuyela emindenini yabo.

Ukubuya kwabo ekhaya kwenzeka ngenxa yabantu abaningi abazinikele ngezindlela eziningi ukwenza ukuthi ukulandwa kwabo kube yimpumelelo.

Njengesizwe, siyabonga kakhulu kuHulumeni nabantu base-China ngokunakekela izakhamuzi zaseNingizimu Afrika, nosizo lwabo ekuhloleni ukulandwa kwabo. Kubalulekile ukuthi iningi labantu baseNingizimu Afrika abase-Wuhan bebefunda ngemifundaze ephuma kuhulumeni wase-China; okuyisenzo sokupha esisibonga kakhulu.

Siyabonga futhi kubobonke abantu akade bebandakanyeke kulo msebenzi, kusuka kuthimba labashayeli bezindiza zakwa-SAA kuya kuthimba lodokotela kuya kumaphoyisa namasotsha ababuyise ekhaya. Omunye nomunye wabo uthathe igxathu wazibophezelela ukuphepha nokuphila kahle kwabanye abantu. Be-

bezimisele ukuthunywa kulo msebenzi onzima noyingozi nokuzibeka esimweni sokuvalelwa. Manje, bonke bangitshela ukuthi, sebekulungele ukuthunywa emsebenzini wabo olandelayo.

Ngifisa ukubonga kubasebenzi nabaphathi base-Ranch Hotel e-Polokwane, ababandakanyeke labo ababelandiwe. Babezimisele ukudlala indima yabo emizamweni yezwe yokunqoba lesi sifo. Wonke umuntu obandakanyeka kulo msebenzi wenze iNingizimu Afrika yaziqhenya ngaye.

Isimo abadlule kuso abantu baseNingizimu Afrika e-Wuhan sitshengisa ukusebenza – nesidingo – sombuso ukuthi uvale izwe. Kwakungenxa yezinqumo ezinkulu ezathathwa nguhulumeni wase-China ukunqanda ukusabalala kwesifo edolobheni lase-Wuhan, okwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika bakwazi ukubuya bengathelelekanga futhi benempilo.

I-Wuhan, idolobha elihlala abantu abayizigidi eziyi-11 esifundazweni sase-Hubei, libe nabantu abangaphezu kwezi-50 000 abasuleleke ngegciwane

le-corona. Njengamanje, emva nje kwesikhathi esingaphezu kwezinyanga ezimbili emva kokubekwa kwezindlela ezinzima zokuvalwa kwezwe, lesi sifundazwe sesibe nezigameko ezintsha ezingaphansi kwama-20 emavikini amabili adlule.

Ukunqanda ukusabalala kwesifo edolobheni i-Wuhan, esifundazweni i-Hubei nakwezinye izindawo e-China kudinga umzamo omkhulu futhi ongakaze ubonakale phambilini. Lokhu kufake phakathi imikhawulo emikhulu empilweni yansuku zonke futhi kuba nomthelela omkhulu emnothweni wase-China. Amanye amazwe athatha lesi nqumo esifanayo ayaphumelela kakhulu ekulawuleni ukusabalala kwesifo kunalawo mazwe enza kancane ukubhekana nalesi sifo.

Njengoba inani eliphelele lezigameko eziqinisekisiwe ze-COVID-19 emhlabeni jikelele linyuke laya ngaphezu kwezi-700 000 nenani lasebeshonile lidlula izi-33 000, singafunda isifundo kula mazwe.

Sekucace bha manje ukuthi indlela engasebenza ka-


ngcono ukuthi umphakathi unqande ukusabalala kwesifo ukuthi abantu bonke bahlale emakhaya baziqhelelanise kwabanye abantu okungenani amaviki ambalwa. Futhi kubalulekile ukuthi lokhu kuvalwa kwezwe kanye neminye imizamo ephuthumayo kokubili kuyalandelwa futhi kuyaphoqelwa ngokungaguquki kukho.

Njengoba abantu baseNingizimu Afrika ababuya e-Wuhan bangafakaza, le mikhawulo empilweni yansukuzonke, ekuhambeni nasekubeni nje nabantu inzima kakhulu ukuyibekezelela. NgokwaseNingizimu Afrika, ukuvalwa kwezwe kwengeza ubunzima nobulukhuni, futhi senza konke okusemandleni ukwehlisa umonakalo kubantu bakithi.

Kodwa isifundo esisithole kubantu baseNingizimu Afrika abase-Wuhan ukuthi ukuvalwa kwezwe kuyasebenza. Kutshe ngisa ukuthi uma singaqinisa ekulandeleni imithetho ebekelwe ukunqanda ukusabalala kwegciwane le-corona, sizokwazi ukwehlisa izibalo zokusuleleka. Kuyabonisa ukuthi uma singabambisana neziphathimandla zezempilo ekwenzeni lokho okumele sikwenze, sizobe singasindisi nje kuphela ezethu izimpilo kodwa nezalabo abaseduzane nathi.

Indaba yabantu baseNingizimu Afrika abalandwa e-Wuhan kumele isinike ukugququzeleka nethemba kula maviki anzima azayo.

Indaba yabo isitshela ukuthi kuba mnyama kakhulu uma sekuzosa, kodwa uma sizofika ekugcineni, uma sizohlala njengokuyalwa futhi sihloniphe ukuvalwa kwezwe, uma sisebenza ngokubambisana, sizonqoba. 🇿🇦



# Ukuvalwa kwezwe



Bonke abantu bazobe bezivalele ezindaweni zabo lapho behlala khona ngaphandle uma kufanele beyosebenza imisebenzi ebaluleke kakhulu, ukuyothenga izinto ezibalulekile kanye nemithi, ukuyolanda imali yesibonelelo sikhulumeni noma kuyisimo esiphuthumayo, ukuyofuna usizo lokwelashwa olungasindisa impilo noma lwezifo eziyimbelesela.



Yonke imibuthano ayivunyelwe, ngaphandle kwemingcwabo, okungamele ibe nabantu abangaphezu kwama-50. Ukugcogcoma phakathi kwezifundazwe, amadolobha kamasipala kanye nezifunda akuvunyelwe.



Wonke amabhizinisi nezinye izimboni zizomisa ukusebenza ngaphandle uma zibandakanyeka ekukhiqizweni nokunikezela noma ukuhlinzeka ngezimpahla noma izinsizakalo ezibaluleke kakhulu.



Ngaphandle kwezitolo zokudla, iziphaza, amakhemisi kanye nezinye izitolo ezithengisa izinto ezibalulekile kuphela, zonke izitolo kanye nezinxanxathela zezitolo kumele zivalwe. Abathengi kumele baqhelelane ngebanga eliyimitha elilodwa macala womane futhi balandele zonke izindlela zokuvikela ukutheleleka ngegciwane le-corona.



we




Zonke izindawo zokukhonza, amapaki omphakathi, amabhishi, izindawo zokubhukuda, amakilabhu asebusuku otshwala, izindawo zemibukiso, izindawo zokubuka izithombe kanye nezindawo zokugembula zizobe zivaliwe.



Amahhotela, izindawo zokuhlala nezindawo zokulala izivakashi zizovalwa ngaphandle uma kudingeka ukuba bahlalise izivakashi ezinganayo enye indawo yokuhlala kuleli zwe, noma uma zisetshenziselwa ukugcina nokuvala labo asebesuleleke ngegciwane le-corona.



Noma iyiphi indawo lapho kujwayele ukuba nemisebenzi yezenkolo, yamasiko, yezemidlalo, yobumnandi, yokuzijabulisa noma efana nayo izovalwa ingasetshenziswa ngumphakathi.



REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Inombolo yokuthola ukwesekwa ka-WhatsApp

**0600 123 456**

Inombolo yezimo eziphuthumayo

**0800 029 999**

**sacoronavirus.co.za**

Ukuvalelwa kwezwe kuzoba izinsuku ezingama-21 kusukela ngesikhathi sama 23:59 mhla zingama-26 kuNdasa kuya mhla ziyi-16 kuMbasane ngesikhathi sama 23:59

